**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LEBHULOHO LEZINYAWO IMBABANE EDANAHAUSER NGOLWESIBILI MHLAKA 30 APRIL 2013**

Mphathi wohlelo;
AmaLungu esiShayamthetho akhona;
IMeya yoMkhandlu waseDanhauser;
Amakhansela;
Izisebenzi zemiNyango yonke ekhona;
Imboni yokuthutha umphakathi;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha, ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi namhlanje sesiphinde sathola leli thuba lokuhlangana nomphakathi walapha eDanhauser sizokuthi egameni lomNyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natali, halala ngentuthuko eqondene nale ndawo ngaphansi kwesifunda saseMajuba.

Lo mcimbi uyingxenye yeminye eminingi esiyenzayo lapha esifundazweni ehambisana nalokhu esihlale sikusho ukuthi umgomo wethu njengomNyango wezokuThutha uthi uma sesike sangena saletha i-*project* endaweni sisuke singeke sisaphuma kuze kube umphakathi uyayithola yonke imigwaqo namabhriji owadingayo.

Siyazi-ke maningi ama-*porject* aqhubekayo namanye asazoqalwa nakhona lapha eMajuba ngenhloso yako ukuthi kuguqulwe izimpilo zabantu zibe ngcono.

Kodwa okuhamba phambili namhlanje yilokhu kwebhuloho lezinyawo emfuleni iMbabane esesihlabe isoyi njengophawu lokuthi umsebenzi wokwakhiwa kwalo usuyaqala.

Ngakho-ke sizothi siyayibongela imiphakathi yase-Uitkyk-North, Uitkyk-South, Kilegethe, Nellieville, Imfundweni, Fairbreeze naseMbabane esifinyelela kalula eKilkeel Higher Primary School, Emfundweni High School, Fairbreeze School, Siyawela Primary School, Khiphokuhle High School, eMbabane Primary School, Mziwethu High School, Kilkeel Farm Clinic naseMfundweni Clinic.

Ngemuva kokucwaninga ngalo msebenzi, sithole ukuthi imali edingeka khona ibalelwa ku-R11.9 million. Umsebenzi wokwakha wona sibheke ukuthi ube usuphothuliwe ngo-December walo nyaka ka-2013.

Lokho-ke kungibeka ekutheni ngithi ekuqaleni konyaka ka-2014 siyobe sesizolivula leli bhuloho. Sikusho manje lokho ngoba mhlambe kuyoqondana nesikhathi sokukhankasela ukhetho. Asifuni bese kuba sengathi sisukunyiswa wukhetho ngoba yinto esihlale siyenza ukuya kubantu.

Kuyaziwa-ke futhi ukuthi uma kunama-*project* afana nalawa kuba namathuba emisebenzi avelayo kubantu bendawo. La mathuba esisuke sikhuluma ngawo, yebo wona angawesikhashana, kodwa ayalekelela ukucija abantu ngamakhono nesipiliyoni ukuze basizakale baqasheke nakwezinye izindawo

Esiyaye sikugcizelele-ke ikakhulukazi kubaholi yilokhu kokuthi phela makungakhethwa iphela emasini uma sekukhishwa leyo misebenzi. Akekho umuntu okumele abuzwe ukuthi ukuliphi iqembu lepolitiki ukuze athole umsebenzi.

Njengoba ngike ngaveza ekuqaleni, ngaphandle kwale *project* esize ngayo lapha namhlanje siyathanda ukubalula eminye imisebenzi embalwa esizoyenza kulo nyaka wezimali ka-2013/2014 ezindaweni ezakhele lo Mkhandlu waseDanhauser.

Sizoqinisa kule migwaqo engenela emiphakathini, esithi ama-*access road,* ehlanganisa u-Inverness Local Road ku-Ward1, uGcwabaza Local Road ku-Ward 9, uRutland Local Road ku-Ward 3 noMpungwini ku-Ward 7. Isiyonke imali esiyibekele ukwakha le migwaqo emisha kulo nyaka ingu-R8.838 million

Nalena evele ikhona sesibeke imali engu-R44.8 million yokuyilungisa, lokhu esithi i-*betterment and regravelling*. Kule misebenzi kukhona nezokwenziwa ngosonkontileka bakaZibambele abangu-1384.

Kodwa futhi uma sibheka yonke imisebenzi yokwakhiwa kwemigwaqo nokugcinwa kwayo isesimweni esifundeni saseMajuba sonke, ingu-95 million imali esesiyifakile kulo nyaka wezimali ka-2013/2014.

Konke-ke lokhu esikuchazayo sikwenza ngoba kubalulekile phela ukuze abantu bakithi bazi ukuthi kungani njengoHulumeni sihlale sibabonga ngokusibekezelela kwabo. Siyazi ukuthi kuningi esesikwenzile kodwa futhi kusekuningi okusamele sikwenze, yinqobo nje uma sibambisene.

Kodwa okunye futhi okumele sikugcizelele yilokhu kokubambisana koHulumeni basekhaya nowesifundazwe. Akumele intuthuko ibanjezelwe ngukuthi amakhansela nabasebenzi boMasipala abathile abanako ukubambisana kahle nemiNyango kaHulumeni wesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani.

Kumele sisukume sibambe iqhaza ohlelweni oselwaqhamuka noHulumeni wesifundazwe lokulekelela imiphakathi ukuba ibhekane nezinselelo ngokuhlanganyela, esilubiza ngokuthi u-*Operation Sukuma Sakhe*.

Ngalolu hlelo sigcizelela ukuthi izinto zidingidwe ezingeni leWadi lapho abantu behlala khona. Noma ngabe hlobo luni losizo oludingeka kuHulumeni, okungaba okazwelonke, owesifundazwe noma umasipala, indaba iqala khona lapha.

Ngenxa yokuthi umsebenzi owenziwa kulolu hlelo ufana nempi yokulwa nezinkinga ezikhungethe abantu ngokwehlukana, izigcawu okuhlanganelwa kuzona sizibiza ngama-*war room*. Njengoba sonke-ke lapha sivela emaWadini athile, kumele wonke umuntu ayazi i-*war room* yangakubo.

Kulama *war room* kumele sibike ngobugebengu esibaziyo obenzeka lapho sihlala khona. Sibike ngokuhlumezeka kwabesifazane nezingane okwenziwa ikakhulukazi ngabantu besilisa lapho sihlala khona.

Sengiphetha ngifisa ukugcina ngokugcizelela indaba ehlale isikhathaza kulo mNyango, okungeyokuphepha emgwaqeni. Njengoba lapha bengikhuluma ngemigwaqo esiyakhayo nje, kuba yinkinga uma sesiyakhile imigwaqo yaba mihle bese ijika iba inkundla yokuchitheka kwegazi.

Ngakho-ke kubalulekile ukuba sivumelane njengezakhamuzi nomuntu ngamunye walapha eDanhauser ukuthi akukho gazi elizochitheka ngenxa yethu emigwaqeni noma kuphi lapho sihamba khona.

Masivumelane ukuthi lo nyaka kuzoba ngowokuqopha umlando lapho sizokwehlisa izibalo zokufa kwabantu emgwaqeni ngendlela engakaze ibonwe esifundazweni sethu. Lokho singakwenza uma sibambisene sizibophezela ukuthi sizovuselela onembeza bethu singayephuli imithetho yomgwaqo.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga.**